



Ikhompyutha ifana nengqondo yomuntu.


Iqokelela ulwazi iluthathe, futhi isebenze ngalo.

Iyalugcina lolu lwazi iphinde ilubuyise uma seludingeka.




Ngesikhathi ikhompyutha isebenza ngalolu lwazi, siyaye sithi iyalucubungula.

Uma isilugcina lolu lwazi, siyaye sithi ilugcina endaweni ezokwazi ukulugcina kuyo ukuze iluthole uma seludingeka.




Noma usuyicisha ikhompyutha, iyakwazi ukugcina ulwazi egumbini layo elithile ezokwazi ukuluthola kulo uma isifuna ukulusebenza. Le ndawo ibizwa ngehard drive.

Le hard drive ivame ukutholakala ngaphakathi kuyo ikhompyutha.




Indukwana lena eyisicaba ebizwa ngeflash drive noma iflash stick nayo igcina ulwazi njengehard drive.

Iflash stick isebenza ngokuxhunywa kukhompyutha.



Sisebenzisa izinhlelo zesoftware ukuze sisebenze ngolwazi olukukhompyutha.

Lezi zinhlelo zesoftware yizona ezicubungula ulwazi futhi zilugcine kukhompyutha.

Kunezinhlelo ezahlukene ukwenza imisebenzi ehlukene kukhompyutha.




Izindlela zokusebenza ezisetshenziswa kumakhalekhukhwini ohlakaniphile nazo ziyizinhlelo zesoftware.

Igama elifushane elisetshenziswa ukuchaza izindlela zokusebenza kuthiwa i- 'app'.




Kukhona ama- apps asetshenziswa ukudlala imidlalo kanye nezinye izinhlobo zezinto zokuzijabulisa.



Ungagcina izincwadi eziningi kukhompyutha.

Amakhasi alezo zincwadi aphenywa ngokucindezela inkinobho noma ngokuhambisa umunwe kusikrini.



Ikhompyutha nokuxhumana kwi-inthanethi, kuyasiza kakhulu uma sitadisha.

Ungasebenzisa i-inthanethi ukuxhumana nothisha, ulalele futhi ubuke uma befundisa izifundo ezahlukene.



I-inthanethi ingaphinde ibe nobungozi.

Kufanele ucele umuntu omdala omethembayo ukuthi akusize uma usebenzisa i-inthanethi noma ungena kumawebhusayithi amasha.

## Imibuzo

1. Yini ukucubungula ulwazi uma sisebenzisa ikhompyutha?
2. Ikhompyutha ilugcina kuphi ulwazi?
3. Nikeza isibonelo sengxenye egcina ulwazi kukhompyutha?
4. Izinhlelo ze-software zisisiza kanjani?
5. Kungani sidinga i-inthanethi uma sisebenzisa ikhompyutha?

Le ncwadi ingenye yezincwadi ezine eziwuchungechunge ezabhalwa ngenhloso yokweseka ukufunda ngobuchwepheshe bekhompyutha.

Iyingxenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ezabhalwa ngo-2021.